SUNDAY TIMES (Zulu)
18 Sep 2011, p.5

# Uqokelwe indondo ephezulu



SNE MASUKU

UBUCIKO sebuyimpilo kumdwebi waKwaZulu-Natal oqokelwe kwabangu-20 abasethubeni lokuwina indondo yeSovereign African Art Foundation ka-2011.

UThemba Shibase, ofundisa ifine art, eDurban University of Technology, akagcini nje ngokuveza ubuciko ngepeni nangopende, kodwa uthando lwakhe lokudweba lubonakala nasemdlalweni womkhalambazo odume kakhulu ngobuciko bama-*kata* nezindlela zokufunda ukuzivikela ekuhlaselweni. Le nsizwa, eyazalelwa futhi yakhulela eGamalakhe, ePort Shepstone, umsebenzi wayo nabanye ezobanga nabo le ndondo uzokhonjiswa eJohannesburg Art Fair, kusukela ngoSepthemba 23 kuya ku-25, nokuyilapho amajaji eyokhetha khona oyedwa ophumelele nonyaka.


Indondo yeSovereign Art Foundation ivundulula amathalente kubadwebi kanti kulo mcimbi abadwebi baphinde bathole ithuba lokukhangisa nokudayisa imisebenzi yabo. UShibase, okumanje umatasatasa nokuzilungiselela ukuyomela iNingizimu Afrika emqhudelwaneni womhlaba owaziwa nge-10th World Open Karate Tournament ozoba seTokyo, eJapan ngoNovemba, uthe noma sebeya ngokwanda abafundi abanentshisekelo ngefine arts kulezi zinsuku, basebaningi abantu abacabanga ukuthi lo mkhakha ungawobantu abamhlophe.

"Emphakathini waseGamalakhe, lapho ngiphuma khona, yidlanzana labantu abawuqondayo lo msebenzi wami wokudweba ngoba nabo kuyinto abanganendaba nayo besayithatha njengeyabamhlophe," kusho uShibase. "Ngijabule kakhulu ngokuqokelwa ukuyokhombisa ngomsebenzi wami kulo mcimbi.

"Kunginikeza isiqinisekiso sokuthi ngenza umsebenzi oncomekayo njengoba wonke umuntu oqokelwe ukuba yingxenye yawo ekhethwe ongoti abaphezulu nabadwebi abanomlando," kuchaza uShibase.

Akukhona ukuthi uShibase uyaqala ukuyokhombisa ngekhono lakhe ezingeni lamazwe njengoba eseke wakhombisa imsebenzi yakhe, okubalwa okubalwa kuyo i*Hybrid Culture, Rush Hour*, neminye khona eJohannesburg Art Fair naku-MTN New Contemporaries and Harboring Histories. Iningi lemisebenzi aseke wayenza ifinyelele eqophelweni likazwelonke. UShibase, odume ngelikaMshini kwabasondelene naye, uthi impilo yakhe izungeza kuzo ezobuciko njengoba uma engekho enyuvesi asebenza kuyo usuke ezilolonga kwezomkhalambazo anebhande elimnyama lesithathu (3rd dan) kuwo. Njengoba eseqenjini lakuleli eliya emqhudelwaneni womhlaba, sekungokwesibili kwazise nango-2007 waqokelwa kulo leli qembu. "Ukudweba nomdlalo wekarati ngamathalente ezobuciko, njengoba ikarati inyakazisa ingqondo nomzimba, ukudweba khona kunginika ithuba lokusho engifuna ukukusho ngomhlaba engiphila kuwona," kuchaza uShibase. "Njengababhali bona ababhala ngezinto abazibonayo, ukudweba nakho kunginika ithuba lokusho lokho engikubona emhlabeni wami kodwa ngikusho ngezithombe zemidwebo," usho kanje.

Kulezi zinsuku uzilolonga kabili ngosuku, ekuseni nantambama, ukuze aqinisekise ukuthi kuthi kufika uhambo lwaseJapan ngoNovemba usekulungele ukubhekana nompetha bamazwe ngamazwe.



ICIKO: (Kwesingenhla) UThemba Shibase, oyiciko eliqokelwe indondo ephezulu futhi abuye ashaye ikarati. (kwesokudla) UShibase eme phambi komunye wemisebenzi yakhe yezobuciko

Isithombe: JACKIE CLAUSEN